

5.394. (25)

Various events in Zululand during the stay
of the amaNgwane K/3/21

AM 3/21.

K 3/21

F. Vialazi.

7/8
1
8

1.

Anangwane.

Amangwane lana ekhe emangwananeni. Inkosi yabo uMatiwane wase ezala uZikhali. Kuthena kubusa uZikhali amangwane alwa na besutu. Ase ayehlulwa amangwane ase esehla amangwane ebeka kwazulu kwa ngwane ebeka kwaZulu kwa baleka amadoda namakhosikazi. Kodwa wasala omunye umntwana wenkosi. Kuthena una amangwane afike kwaZulu ase yakhonza ekosini busa uCetshwayo ngaleso sikhathi kwaZulu.

Kuthena uZikhali akavuma ukuyo kwaZulu yena kwase kuthi uHlati okanye no Zikhali wabaleka yena waya kwa Zulu. UHlati wathi ngoku fika kwakhe kwaZulu wase ufela khona naye waye esencane khona ukufa

2. uHlati: Hlati lona waye ganoe uMbangwa wakwa Shabalala segana uMbangwa esegana khona kwaZulu papho. Uthena uma esegana waye segana induna yase njekini okwenza uHlathi abaleke ashiye umfowabo yingoba kwethi abasutu uma befumana uBongwa bamungwaza amanxeba amaningi kodwa noko wasinda akazange afe. Usebaleka uHlathi ehamba naba ningi abantu kuthiwa uMbangwa waye cashile ehlathini abesuthu bamuvusa bathi, "Mfumakazi kuyewu" Besho ukuthi nanso inkosikazi yewuka vimbani base bemu hlabo amanxeba. Kuthena abanye bethi maka bulawe afe abanye abavuma ukuba amaka bulawe. Kuthena induna yabesutu yamuthanda uMbangwa. Isithi induna ka Mahola maka basobe uMbangwa ahambé naye aye emuva ekhaya. Isimunika no muthi woku mithoba amanxeba. Useze uyaesindua uMbangwa. Kuthena kusenjalo impi isalwa wanyamalala uMbangwa usebaleka useze ufika kwelakubo futhi. uHlathi ka Matiwana usethokoza uzisa ukuthi uMbangwa kwa kuthiwa sewafa. Kodwa khona kunjalo akaye kanga uHlathi ukufuna umukakhe.

3. Usezhenya umfowabo uZikhali ukuthi asibaleke usengaba uZikalilis usesto ukuthi yena wofela kulo leli. Neziya izwe lakubo usehamba uHlathi nabaningi abantu useqonda kwa Zulu. Uthena uma efika khona usekhonza. Inkosi usemungiyela. Kuthiwa waye seshaywa uvalo njalo lapho uHlathi uthena noma ethi uyadla ukudla kwamu budisa waye usefa njalo lapho. Ukuhamba uka Hlathi e okhonza kwaZulu kwasuka isililo esikhulu kuba fowabo nabanye nesigodlo sakholo njoba waye yiqewe kuthiwa ngayo bethi impi ya Mngwane nabe Sutu wahlabana ngamadoda amahl nu. Into eyenza uHlathi abaleke yingoba uMbangwa akamange esavuma ukuhlala ezweni lakubo.

4.

Phoke nomfowabo wamunika ab ntu ukuba behambe naye.

5. Wamunika iduna uZondla ka Mushengu usehambake. Kuthena una esefile
kwaZulu u Hlathi sekuthiwa abakubo/ba konze ku Mqundane wenkosi
umfowabo ka Cetshwayo. Kuthena kunjalo waye segana u Mbangwa
usegana u Mhlomula induna ka Mnqundane. Umgundane waye se
njikini akhokhona waye nama khosikazi amanangi impela uMnqundane
amashumi amathathu. Kula makhosikazi kwaku khona uDithombi umzala
ka Cetshwayo. Kwakunga wakwa Hlabisa uSithombi. Kuthena ukuba uMqu-
ndane aganwe ba umethi ka mathivane manjena umuzi wakhe kwavuma
besala. Manjena uSithombi uyena owaye yinkosikazi ka Mqundane.
6. Sekuthi ngenxa ka Methi akasayi naki ikosikazi yakhe uSithombi.
Useshiya nomuzi wakhe wase njikini usethuku thela u Sithombi namanye
amakosikazi ka Mhlomula ngoba phela nawo uMhlomula wathi anga ganwa
Ubanwa akabe esawazi. Kodwa yena akawu phumanga owakhe umuzi. Ngenxa
ka Mbangwa. Kuthena amadoda ebizwe kumukhulu amakhosikazi asale elwa
wodwa. Usebaleka uMbangwa kuthena ukuba afike uMhlomula usehamba
eyofuna ena uMbangwa usephuma umuzi wakhe. Use hamba uSithombi
eya enkosini uCetshwayo usecela ukuthi kuhle abulawe uMnqundane
ngoba uvuna uMhlomula futhi naye uselahle umuzi wakhe wase njikini
waphuma omnye noka Mathiwane. Nenduna yakhe umhlomula wenza
sonaleso. Inkosi eCetshwayo ayizange ivume kuloko kodwa kwathi
ngokuphindlela kwamakhosikazi kuyona, yaze wathumela ingijimi
eziningi impela kuyena umfowabo ukuthi kuhle apindestle muzini
wakhe eNjikini naye futhi uMhlomula aphindlele khona emuzini
wakhe Ngokwe hlulwa ithando akazange avume uMnqundane bene nduna
yakhe uMhlomula ukuphindlela eNjikini noma babe thembisa ukulalela
izivi lenkosi kodwa kwathi emva konya wesit athu yavuma kumubulala
uMqundane. Isithumela isigijimi sokugcina inkosi ikubika ukuthi
isizomuthemela impi manjena uthena uma ezwe loku uMqundane usebikela induna
yakhe uMhlomula. Sebelungiselela ukubaleka bayokhonza eMngwaneni.
Usesuka kuqala uMhlomula naye uMbangwa kuthena ukuba izwe loku
uCetshwayo usephuthumisa impi ukuyovumezel. Kuthena emini kwazwa
kala izwandaba likhala. Izwandaba inkomo eyayi ngaboshelwa buntwaneni.
Bayo ke ife, yayi ngaka ngendlu zazi ningi impela kuthi uma kuza
impi kuzwakale ngazo lezonkabi izwandaba lakhala injikini labulla
langena esibayeni lazungeza umuzi.

Aphuma wonke amakhosikazi akhala isililo esikhulu sika Mqundane wenkosi kuthena uvimba indodana yakhe uMqundane yakwa Sithombi ithi iphuthuma ukuyo hlebela uyise lendaba kwavumabesala njahlangana nezi ndloli izihamba nempi. Kuthena ukuba zimbone Kuthena sezimu dumela uVimba. ~~Kwazama~~ ukuba kunjalo wezwa uMqundane usephuma seyi dumelana eyezi nhloli naye uMqundane no Vimba. Seze klulwa izinhlolli ukufa kwazo lapho izihlolli usemutshena uVimba umhlola owenzekilele ekhaya eNjikini. Uze uhlala phansi emzowa ~~impinca~~ mango uMqandane uthena esuka lapho waye endlula icansi abelele kulo usebona umuthi ngaphansi/usethi kanti ngifanjena ngibulawa uwena mithi ungifikela umuthi ukuba ngehlukane nomuzi wami ngihambe nawe usethi kuhle niphume nonke sifele esibayeni. Usephuma uMqundane noVimba naye belu nka Mathiwane. Bephuma behlomile uVima noyise kwakusebusuku kuthena uma isiza impi wabonakala uMqundane wathi kuka Matiwane. Phinda endlini awuwe sabi yini umukhonto usethi ndaba nguyawe saba. Seyi ngena belu impi. Isizu ngeza umuzi ka Mqundane isihlangane nezi dumba zezi nhloli. Isithuku thela iphelela usezwa kala uMqundane n Vimba isidumelana kuthiwa uVimba washesha ukwahlui ka wafa noko nama doda amathathu. Uyise umqundane kuthiwa baze bathi mubanbeni ngezandla nimuconce amehlonimu sike namasende ukuze afe. Kwase kulele ucaca phansi kwakhe esedininwe kwazisa ukuthi uma uMhlonula waye khona kwakoba kubi impela kwathi liphuma laphuma naye. Wabulawa uSikethiy UCetshwayo wayesaba kona loku ukubulalala uMqundane ngoba ~~ezowogeda~~ amabutho. Seku qamuka uDunjwa ka Ntshangane uthi usefile impela uMqundane nami ngeyyayazi bulala manjena usezi phensa esiweni esikhulu esasi seduze nomuzi ka Mqundane kwa Vuma besala. Maningi amadoda aziphonsa kulelo liwa ngaphandle kuka Dunjwa. Amadoda amahlanu aziphonsa futhi. Kuthena ukuba ibone loku induna yenkosi uCetshwayo yathi makuvinjwe ngasesi-weni lamededa ayezi phensa esiweni ngoba efelwe igawe elalali dumile kwaZulu. uMqundane abe butho lakhe ababe ziphonsa kuthena seliphumile kudala kwase kufunwa yena okaMathiwane usephuma usethi ningangi bulali ngomukhonto ngiyawe saba ngizo zibulala nebala usephuma ehlubule eqoda esiweni elandelwa yiyona impi usezi phonsa naye esiweni akaaange afe yena wasinda amabutho acamanga ukuthi ofile.

- 13 Bathena ukufika kuCetshwayo wase uyakhala impela kakhulu wakhumbula ukuthi uyana futhi uMqundane owamu lelwa empini yabo nombuyazi. Uyena futhi owahlabana ngempela. Pho futhi uyena obemazisa uCetshwayo. No Cetshwayo uma enento imuhlpha ubeya kuyena umqundane. Kuthiwa wazila izinsuku eziyishumi ekhaya impela esezi sola futhi ngoku bulala umfowabobo amazwi ka Mqundane okugcina yilana. "Uyangi bulala wena ka baba, ungibulala ngowesi fazane wena ka baba kulungile ngobulale mfowetu." Kathi wa washo zawo phansi izi hlangu zabo bonke kw suka esikhulu futhi isililo lapho.
- 14 uCetshwayo usethi ku Sikethe kuhle naye abulawe ngoba wa gwaza uMqundane uma esezi khalela. Usethi mina ngongi methusa okababa ngangi ngafuni ukuba makabulawe kuthena ehlezi uSikethe kwase ku thunyelwa uMphambane kanyanga nelanga umfoka nene ukuba naka yomubulale usehamba uPhambane usemufuna ehlezi endlini usemubiza ethimina noku umnyalezo wakho. Usephuma u Sekithe engaphethe lutho. Use mudumela njalo uMphambane useye emulahlaphansi uthena uma ekhala wakhala ngenduna yayo inkosi yena Owenkosi belu uMqundane usethi ngenziwa ngoba kwtho Owenkosi ezikhalela ngamubulala mina.
- 15 Sekuqamuka uSitheni ka Nzica usethi, "Wadla Mphambane, Mphambane kanyanga nelan Dladla lidla ngomukhonto wendlelndla, udoda wavo mhambose ntamo enganxanye ngoku phepha izi junqu udoda wavo mhambose kusa sinaye nanguyana, isela elintonga ndini, eligaqe ugamadolo aze aphucuka bengikwela kulumnyango wakwa dwala ngashabasheka. Uphungula abasindayo unomagula kanosi thethelu. Umunduze omacunu uvundisa izintaba. Sondilileka njenge zinkomjane zaso lwandle. Sihlangu nogosa ngokugodla unina umavuso. Uphunga uphunga amayesi ovele ngobana ngosizi engabonwa wahlabana kusa. Umphambane kanyongo nelanga. Usezwa futhi uCetshwayo ukuthi uMethe ka Mathiwane akafanga uthuma impi ukuyomubulala. Useshweleza u Zikali ka Mathiwane usekhapha izinkomo izilishumi usefika akazi vuma uCetshwayo usephinda futhi uZikali uthi angimazi ukuthi ubaleke wahonaphi uMethe. Usethukuthela uCetshwayo usesho ukuthi uma uZikhali ethukusa uka mathiwane kanti futhi uyena owana wa thatha untana wenkosi wephuca amanye amakhosikazi sekuzosuka impi uthi uMqundane kababa angeke afe yedwa kuhle noka Matiwane afe naye uZikali usemukhipha sebemubulala impela phambi kwakhe iZikhali.
16. kanyongo nelanga. Usezwa futhi uCetshwayo ukuthi uMethe ka Mathiwane akafanga uthuma impi ukuyomubulala. Useshweleza u Zikali ka Mathiwane usekhapha izinkomo izilishumi usefika akazi vuma uCetshwayo usephinda futhi uZikali uthi angimazi ukuthi ubaleke wahonaphi uMethe. Usethukuthela uCetshwayo usesho ukuthi uma uZikhali ethukusa uka mathiwane kanti futhi uyena owana wa thatha untana wenkosi wephuca amanye amakhosikazi sekuzosuka impi uthi uMqundane kababa angeke afe yedwa kuhle noka Matiwane afe naye uZikali usemukhipha sebemubulala impela phambi kwakhe iZikhali.

17. Sebe hamba nekhanda lakhe ukuyokhombisa uCetshwayo ukuthi
 bamubulele ngempela ukamathiwane. Ukamathiwane lona wasida okokuqala
 kanjena wathi uma eziphonza eweni akaze afayena wahlala lapho
 laze lashona. Kwathi umaseli shonile waphuma wahamba ebeke kubo
 emangwaneni wahamba isonto lonke ephila ngamanzi nange zithelo
 za sendle. Kuthiwa ngoba waye hlubule wathatha amahlahla wabinca
 wona, thena uma efika kumufowabo wakhala kakhulu impela. Waye
 selinga isu loku mufika uZikhali kunge zwa kali kaZulu.
- Kodwa kwezwakala kusuke uBunda waya kukhonza kaZulu eXabene no Zi-
 18 khali w se eyihlakoza lendaba kwa Zulu. Use thi uCetshwayo kuhle
 kufunwe yena uMhlomula induna ka Mqundane kanye naye uMbangwa.
 Use thuma yena uMphambane no Ndlela ukuthi maba hambae bayo funa
 khona eMangwaneni uselandula impela uZikhali sebewu thola umkhondo
 wabo sebe landela beshona kwelabe Suthu. Kuthena ukuba bakwele um
 sebe hlangana nabe Suthu sebelwa nabo sewuku buya kwabo lapho.
 Kuthena umabe fika kwazulu bamutshena ukuthi ukhona lena uMhlomula.
 Kuthena uma ecamanga isu loku thuma impi wa ka besuthu.
 W se ethathwa abamhlophe ukufelela kwayo indaba ka Mhlomula wasinda.
 Kuthena nomuzibebu esebambile akacamanga indaba ka Mhlomula.
 Uthena uma esebuya uMhlomula usebuya kubambe yena uZibebu.
 19 Use thi uma ebuya useyo khonza kuye Zibebu usemamukele uZibebu.
 Kuthena uma abanye bekuza umhlola ukuthi akuswelekile ukuba
 angemukelwa uZulu esegephuka kibili. Kuthena uma esebuya
 uCetshwayo wamuhlangabeza ngempi uZibebu kuthiwa uyena uMhlomula
 owaye funa ukuba makabulawe uZulu. Usehlakana kabile abanye baya
 ngaku yena ~~use~~ uCetshwayo abanye ngakuye uzi+Bebu. Kuthena
 maku njalo uZibebu wabulala kakhulu noko wabuye walahlaphansi
 izikhali uZibebu kwafumanisa ukuthi uCetshwayo bamushiya nenxeba.
- 20 Akamange asabusa kade wawu use uyaf.a. / Uzibebu ka Maphitha kwa
 kuyinduna enkulu ka Cetshwayo yaso Banganoma umuzi omukhulu ka
 Cetshwayo. Uzibebu uthena ngokubone ukuthi inkosi bayibambile
 abamhlophe wacamanga ukuthi ayisenaku buya lapho usethatha wonke
 umundlu nkulu ka Cetshwayo usewenza owakhe. Useganwa nayisidegke=
 godlo senkosi. Kuthena uma ezinye izinduna zikuza umhlola kwase
 kuvela umbango nempi. Kuthena uZibebu ngoba woyeyi nyanga futhi
 enemi lingo eminingi wayehlula ekazulu. Kuthiwa eyakhe yayilwa
 ngezi nkungu ingabonwa lomu lingo Uzibebu wawu thatha ekhabonina.

21. Kuthiwa kwaze kwathi umabonke sebefuna ukuvumela yena uZibebu wase uyazwakala umbiko ukuthi uCetshwayo ufikile. Usemuhlangabeza ngempi uZibebu ngokwesaba ukuthi inkosi izakumubulala ngoba sewone umndlu nkulu kuthiwa impi yahlangana emuthonjaneni yalwa noko ayehlulwa ekaCetshwayo kodwa wathola inxeba uCetshwayo umuntu owuyena ajwaza inkosi umhlomula abanye bathi noma beyi bona bashawa uvalo kwawu izikhala phansi uthena nomhlomula eyigwaza yakuza wethuka naye. Ayabe isiphila kahle ngenuaba yalelo ngxeba.
No Zibebu wayeshlala ezintabeni kuthena uma isifile inkosi sekubusa uDinizulu inkosana yayo inkosi. uDinizulu usefuna umuntu awabulala uyise. Kuthena kunjalo uZibebu naye futhi uDinizulu iselwa impi.
22. Impi ka Dinizulu okoku qala yehlulwa impela kuthena naye engasazi walanda umfundisi omhlophe ukuzo khulekela impi yakhe kuthiwa wathi angafika lowo mufundisi wayekhule kela impe yagina kwamusukwana yehlulwayo ekazibebu. Uzibebu usebelaka useya kwabamhlkophe eyazikhalela ukuba bameleke lele ku Dinizulu. Usebanjwa uDinizulu usewezwa esuva phesheya umhlomula wathi ngoku bona loku babaleka waqonda emangwaneni indodana yakhe uMkhunjini ayivumanga ukuya emangwaneni yaya phezu komuzi nyathi yahlangana nama Swazi yase iyokhonza kuwona. umhlomula wahamba nesizwe esikhulu impela ukuya emangwaneni useenziwa induna emangwaneni abantu basaka zeka nalo lonke ngendaba yendla la eyavela ngendaba yempi ka Zibebu no Dinizulu. uZibebu bekuthi lapho efike khona ashise kungosalilutho. Lemp i yayilwa ebusika kungaka vunwa emasimini into eyayidliwa kule ndlala kwaZulu amakhununu nobonqo nasa khiwane. Abanigi abantu babeka eSwazi bayakhonza khona. Abanye babeka eselungwini bawela uTugela nomuzenyathi ngendaba ye mpi nendlala.
23. Kuthiwa amambbazane ayelotsholwa ngamasimu noma ngamathanga ngoba indla yayi inkulu impela uma umuntu omunye emunike okokudliwa wayeyi thatha intombazane yakhe. Amanye antombazane ahambé ayozi ganela lapho kukhona ukudla.
24. Amantobazane amaningi awela azogana eselungwini nase Swazini ngendaba yendlala nempi Kwa Zulu. Amanye aqala ukukholwa amasela kuthiwa avuka athibe amankonyane ayelahleka emini abantu bafe ubuthaphu thaphu kuthena noma esebuyile uDinizulu akabe esavuma ukungena indaba kazibebu. Abanigi kuthena ngoku buya kuka

Mamonga wosuthu babuyela kwaZulu futhi. uZibebu usebaleka eyaku Mhlomula ukuba kuhle balwe naye futhi uDinizulu. uMhlomula use khuza umhlola akazange avume usethi ingathi siphele njena kungenxa yakhona. Usaphinda futhi. Usebaleka uZibebu ngoba ebona ukuthi ngahle amabulale uMhlomula. Usethi uma ekwala undi usehlangana nabesuthu. Sebemuvimbela ukwedlulela phambili usebuya ephinda khona kwaZulu. Akamange esemenza lutho uDinizulu. Envakwaloku yابو ye yaphela ndlala enkulu kuthiwa kwathi ukugena kwenala izisu zabulala abantu abaningi kuthiwa abanye bantu basebefana nezilwane kwathi ngenala basinda babuye baba bahle. uDinizulu usethumela izigijimi ukubuyisa bonke ababebalekile banye baphindela abanye abamgnge besa vuma uzulu wabuye wadla ngoludala ukhezo izimpi ezinkulu azimange zisa zzisa vela phakathi kukazulu.

26.

uMandle ka Bandeza ka Zibebu ka Maphitha.

Kuthena ukuba buye uZibebu uDinizulu wahawukela uMandle ka Bandeza. uMandle kwaku ngowendodana ka Zibebu. Kuthena kunjalo inkosi yafuna sengathi ngabe akuyena owendluk a maphitha. Sekuhamba ngokuzwakala loku uMandle usebaleka kwaZulu usebeka emangwaneni. Uthena uma efika khona usethanda indodana ka Zikhali. uMakhulu kuthena kunjalo waye sethola ulanjwana uMandle usebaleka futhi kwe lase mangwaneni usephinda kwa Zulu usethi ukufika kwakhe usethandana no Zidumo ka Ndlela sekuzwakala ukuthi usekhulelwwe uMandle inkosi isithukuthela isibiza zanko izintombi. uMandle usebekwa emunyango wezi nkomo usesuka uZibebu uthi uyamukhalela ngezi nkomo ezi amashumi amabili. Ukuba inkosi imuxolele inkosi ayaze yavuma uthena noma noyise enza izaba zokumu sindisa ayimange isavuma inkosi. Use bona ukuthi uZibebu uDinizulu usathukuthele usebaleke usehamba u nomuphelo nomuzi wakhe kanye naye uBandeza bangonda eSwazini lapho bafike bakhonza khona. uDinizulu usewu funa umukhondo wabo. Kuthena esalungiselela ukuba bulala akamgnge esaphila kahle. Noko wake wathumela izithunywa uku obafuna eSwazini ziningi futhi izintombi ezabaleka ngokubona ukufa kuka Mandle.

28

uNoma Zilalela intombi ka Zinca naye wakhulela kuthena uma unina emubona kuthi usekhulelwwe waye semutshena ukuthi kuhle abaleke kuthena ngakusasa uZilalela wabikela isoka lakhe. Ukuthi manjena usekhulelwwe p oke usezo bulawa. uMbokodebomvu umfoka Mbambane

S-395. S. 394

K13/21

g*

28
Cont. wathi nama ngizohamba nave kutnena ebusuku bacuka boba bili
Kuthena uma sebe wela umuzinyathi bakhonza emabunwini sebehlala
useze uyabe letho izilalela. Baningi ababaleka kwaZulu ngenxe yabko.
Kuthena noma esefile uDinizulu abaningi ababe besaya kwaZulu.
Abanye njalo baphindela sebehamba nemizi yabo uSolomona wa bahomosa
kubona.

END. 394.